

Lezi yizindlu zokusakaza zomsakazo i-RX Radio
esesibhedlela i-Red Cross Children's Hospital eKapa.

I-RX Radio ngumsakazo osakazwa yizingane futhi zixoxa
izindaba zazo. Bavame ukusakazelaz ezindlini zokusakaza
esibhedlela.


Kodwa ngesikhathi sikathaqa, izindlu zokusakaza
zazivaliwe.



Lona ngu-Akhona. Uyintatheli ye-RX Radio. Ngesikhathi sikathaqa, u-Akhona ubengakwazi ukuqopha uhlelo lwakhe ezindlini zokusakaza i-RX.

Ohlelweni lwakhe lomsakazo, u-Akhona uxoxisana nabantu mayelana nezimo abahlangabezana nazo.

Ubefuna ukubika mayelana nezimo abantu ababhekane nazo ngesikhathi sikathaqa emphakathini wangakubo.




Kodwa ngenxa yalo thaqa, u-Akhona akakwazanga ukuxoxisana nabantu ubuso nobuso.

Wabe esecela labo abasemphakathini wangakubo abanomakhalekhukhwini ukuba bamthumele imilayezo eqoshiwe.

Wabe eseqopha uhlelo lwakhe ekhaya esebezisa umakhalekhukhwini wakhe.


Lena eminye imilayezo ayitholile.



Umlayezo kaThisha uThuli:

"Ngikhumbula abafundi bami kakhulu! Ngineqembu le WhatsApp nabazali, lapho ngithumela khona umsebenzi wabafundi.

Kodwa ngifundisa endaweni enabantu abahluphekayo nalapho kungebona bonke abazali abakwazi ukuthola i-inthanethi. Kuyinkinga lokho."




Umlayezo kaRiaz:

"Ngikhathazeke ngempilo yami. Kuvame ukuthi abantu abakhubazekile babe nemizimba namasosha omzimba okuntekenteke.

Njengoba ngihamba ngesihlalo samasondo, angikwazi ukugeza izandla njalo, kepha umndeni wami uyangisiza.

Benza isiqiniseko sokuthi ngihlale ngenesibulala magciwane sokuhlanza izandla."



Umlayezo kaKhethiwe:

"Ekhaya singumndeni omkhulu, phakathi kwethu kukhona
abasebenzi ababalulekile, kodwa abahlali nathi kumanje.

Esihlale sikwenza ukubathandazela ukuthi bahlale
bephephile, kanjalo nokuphepha kwethu."



Umlayezo kagogo uGabbie:

"Angiyena uthisha, kodwa kufanele ngifundise izingane ezimbili lapha ekhaya. Zombili lezi zingane zifuna ukunakwa ngokulingana.


Isimo lapha ekhaya singinikeza ingcindezi enkulu.
Ngenhlanhla, sine WiFi engenamkhawulo."



Umlayezo kaBuhle:

"Uthaqa akangithintanga kakhulu ngoba ngihlale ngisekhaya. Ngiphuma kuphela uma ngiya esontweni nasesikoleni.

Uthaqa ungithinte kuphela ngokuthi umoya opholile engiwutholayo ngiwuthola lapha egcekeni kuphela."



Umlayezo kaLwazi:

"Inkinga enkulu enginayo eyesikole. Besengijwayele
ukufundiswa uthisha siqu sakhe eme phambi kwami.

Kunzinyana ukumlalela kumakhalekhukhwini noma
ukubuka ividiyo yakhe."



U-Akhona wase ukhetha eminye yemilayezo ukuyisebenzisa ohlelweni lwakhe. Wase uqopha uhlelo lwakhe.

“Sanibonani, Iona ngu-Akhona, lo mbiko ngiwethula ngisegumbini lami lokulala.

Ukuqoshwa komsindo akuzukuzwakala kahle.

Namhlanje sizozwa ukuthi abazali, othisha, nezingane babhekana kanjani nezinselelo zikathaqa wezwe...”



—Imibuzo

1. Bhala incazelo yala magama:
abahluphekayo, amasosha omzimba,
enganamkhawulo.
2. Yibuphi ubunzima uthisha uThuli abhekana
nabo?
3. Kungani uRiaz ekhathazekile ngempilo
yakhe?
4. Kungani ugogo uGabbie ezizwa
enengcindezi?
5. Ungabanika ziphi iziyalo othisha Thuli, uRiaz
nogogo uGabbie?



Le ncwadi yezindaba ixoxa ngemibiko yomsakazo i-RX Radio. I-RX Radio ngumsakazo wezingane we-inthanethi futhi osakaza izindaba ezithinta zona.

Isakazela esiteshini esisesibhedlela saseKapa i-Red Cross War Memorial Children's Hospital.

I-RX Radio isiza izingane ukuba zikwazi ukuxoxa izindaba ngezinto ezibalulekile kuzona.

[Vakashela i-RX Radio](#)